# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngosuku 1 lomnyaka omusha, ngomhla ka 01. 01. 2012 06/2012*

*Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.*

1. Iculo 64/60
2. Umkhuleko: *Nkosi Jesu Kristu, Msindisi wethu, siyabonga ukuthi usasivumele ukuba siqale umnyaka omusha ngomusa wakho. Sesiyacela kuwe, sithi: Hlala nathi nakuwo, usiqinise ngezwi nangamsakramente akho ukuze siqine endleleni yethu nakulonyaka. Njengoba washo ukuthi: Unathi izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe, yenza njalo-ke, Nkosi yethu, ngomusa wakho. Amen.*
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-Jakobo 4:13-15
4. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 4:16-21
5. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
6. Iculo 66/63
7. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
8. Izwi lentshumayelo ngohlelo lwesine lilotshiwe kuJoshuwa 1:1-9, lithi: "Kwathi emva kokufa kukaMose inceku kaJehova, uJehova wakhuluma kuJoshuwa indodana kaNuni, isikhonzi sikaMose, wathi: UMose inceku yami ufile; ngalokho suka uwele leliJordani, wena nalababantu bonke, niye ezweni engibanika lona abantwana bakwaIsrayeli. Zonke izindawo ayakunyathela kuzo amathe onyawo lwenu ngininikile zona, njengalokho ngakhuluma kuMose. Kusukela ehlane nakuleliLebanoni kuze kufike emfuleni omkhulu umfula uEwufrathe, lonke izwe lamaHeti, nakuze kube-seLwandle oluKhulu ngasentshonalanga, kuyakuba-ngumkhawulo wenu. Akuyikubakho-muntu ongema phambi kwakho zonke izinsuku zokuhamba kwakho; njengalokho nganginaye uMose, kanjalo ngiyakuba-nawe; angiyikukuyeka, angiyikukushiya. Qina, ume isibindi, ngokuba uyakwenza ukuba lababantu badle izwe engalifungela oyise ukubanika lona. Qina kuphela, ume isibindi kakhulu, uqaphele ukwenze ngokomthetho wonke akuyala ngawo uMose inceku yami, ungaphambuki kuwo ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo ukuba ube-nempumelelo nomaphi lapho uya khona. Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho, kepha wozindla ngayo imini nobusuku ukuba uqaphele ukwenza

njengakho konke okulotshwe kuyo, ngokuba lapho uyakuhlahlamelisa indlela yakho, uphumelele kahle. Angikuyalile na? Qina, ume isibindi, ungesabi, ungabi-naluvalo, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho unawe nomaphi lapho uya khona." Amen.

Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, namuhla siqala umnyaka omusha. UNkulunkulu unomusa kithi, usasipha futhi ithuba nakulomnyaka, kodwa usiphela ukuba siqine, senze nje ngokusho kwezwi lakhe. Sifundiswa ngabantwana bakwaIsrayeli abakhishwa ezweni lobugqila, baphiwa izwe lesithembiso iKhanana. Nokho babemhlupha uNkulunkulu ngokuphambuka endleleni yakhe, bazulazula ehlane iminyaka engu-40, bengaphumeleli ukufika ezweni lesithembiso ngenxa yokuphambuka kwabo. Kodwa ngomusa wakhe bagcina belidlile izwe ayelifungele oyisemkhulu, kodwa kungasho ukuthi uNkulunkulu wamane wathalalisa nje, babuyela emthethweni wakhe ngokwelulekwa nguJoshuwa eqiniswa nguJehova. Ngasemuva kwaba ngabaprofethi ababavuselela ngokubabuyisela kuNkulunkulu ukuba bathole intethelelo kuye. Kanjalo nathi siyakhunjuzwa izono esizenze ngonyaka ondlule ukuba sehlukane nazo, singene ku-1994 (2012), siqine, sime sinesibindi sisho nathi, sithi: INkosi inathi nakuwo nje, ngoba sisho isifundo sethu sanamuhla, sithi: Qina, ume isibindi!

- Ngokungaphambuki emthethweni kaJehova;
- Ngokuzindla ngawo imini nobusuku;
- Ngokwenza lababantu badle izwe.

Qina, ume isibindi ngokungaphambuki emthethweni kaJehova! Siyezwa ukuthi: AbakwaIsrayeli babemulahla bemfulathela uNkulunkulu kaningi, bezifaka ekuhlushweni nasekushayweni ngokwabo. Ngokululekwa yizinceku zibacelele babephenduka, uNkulunkulu bese ebathethelela, ngoba enomusa. Siyathola ngomlando wohambo lwabo ehlane. Kwathi uMose esefile, uNkulunkulu wabathembisa ngokusha umusa wakhe ngoJoshuwa ukuthi uzobangenisa ezweni lesithembiso uma bengaphambuki emthethweni wakhe. Ngempela bonke ababambelela kuwo bangena ezweni lesithembiso, balidla. UJoshuwa wabayala, wabafundisa, wathi: "Mesabeni uNkulunkulu, nimkhonze ngobuqotho nangeqiniso, nisuse onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo phesheya komfula naseGibithe, nimkhonze uJehova, uma kukubi emehlweni enu ukumkhonza uJehova, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza, noma onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo besengaphesheya komfulo, noma onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo;

kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uJehova." Abantu baphendula, bathi: Makube-kude nathi ukumshiya uJehova ukuba sikhonze abanye onkulunkulu. Wayesethi: Nina ningofakazi benu. Bathi: Singofakazi. Wayeseloba lawomazwi encwadini yomthetho kaNkulunkulu. Wathatha itshe lobufakazi walimisa lapho, Jos. 24:14-16.26.

Thina, sithini sizokwenzani kulomnyaka esiwuqalayo sizimisele ukwenzani kuwo? Masishiye izono, amavundo, nenzondo, nomona, nobuvila; sibheke umthetho kaJehova, singaphambuki kuwo! Uthini wona? Uthi: Thanda uNkulunkulu phezu kwakho konke, uthanda omunye, njengoba uzithanda. Ake sincwabe inzondo namagqubu onyaka ondlule! Ake kufe kanye nawo! Thina makholwa, ake singene simsulwa onyakeni omusha, sizimisele ukwenza umthetho kaNkulunkulu, njengabakwaIsrayeli abashiya phesheya komfula naseGibithe okwakukhonzwa ngoyise, nathi banamuhla, ake senze njalo nathi silalele okushiwo yizwi!

Asiqine, sime isibindi ngokuzindla ngomthetho wakhe imini nobusuku! UJoshuwa wayalwa ukuba aqaphele ukwenza ngomthetho wonke ayalwa nguMose ukuba ahambe ngawo ukuze abe nempumelelo nomaphi wenze-njalo, kwaba-njalo. Nathi namuhla silulekwa ukuba senze njalo. Ake senze njalo, sizindle ngomthetho kaNkulunkulu imini nobusuku, siwenze. Sizoba nempumelelo onyakeni wethu esiwuqalayo. Ngisho umthetho omusha kaMoya, othi: Asikhuleke kuye, sivume izono zethu kuye, siphenduke ebubini bethu malanga onke, sisondele esidlweni esingcwele, ngoba umyalezo wakhe uthi: Yenzani lokhu ngesikhathi zonke ukuba ningikhumbule. Ukumkhumbula kutholakala kuye khona esidlweni sakhe. Ake sikwenze lokhu sinokujabula, nokubonga. Kholwa, ake ube namahloni ngokwenzile ngonyaka ondlule ngokuziqhelananisa naye, ngisho kuwe osondele kanye kabili, noma kathathu nawe ongayanga, nhlobo, ube ungavinjelwe lutho, ube ungakulungisi nalokho okukuvimbile. Kubi lokhu akufanele, uphambukile esiyalweni sikaJesu. Kulonyaka yiba yisibonelo esihle ebandleni lakini, yiba yincwadi efundwa, qhede ilethe intokozo koyifundayo, noyibukayo. Khumbula imiyalo eyishumi yaseSinayi, uzindle ngayo ukushaye, ngoba vele uyeqile, uyeqa mihla-le, bese-ke ubalekela emthethweni kaMoya wokuphila okuKristu Jesu, ngoba uyakhulula emthethweni wesono nowokufa. INkosi ayisisize ukuba senze njalo ukuze siphumelele ukuhamba indlela yethu eya eKhanana elisezulwini.

Qina, ume isibindi ngokwenza lababantu badle izwe! Wayalwa kanjalo uJoshuwa. Kwakufanele ukuba aqine ukuze abantu baphumelele ukungena ezweni

lesithembiso. Nathi siyalwa kanjalo, ukuze abantu baphumelele ukungena ezweni lesithembiso elisekhaya ezulwini. Makholwa, ake siqine futhi nangalonyaka ukwendlula eminye esiyendlula. Mfindisi, qina, ume isibindi njengendodana kaNuni, wazi ukuthi uphethe umsebenzi onzima wokwelusa abantu. Ngakho siza, ungadukisi imiphefumulo yabo, beze bangabe basaba nakho lokho abakubanjelwa nguKristu ukuba bakuzuze. Masibe novalo nento enjalo. Impela kuyamangalisa umfundisi, uma engena ephutheni, qede angabe esakhumbula umthetho kaNkulunkulu, angabe esakhumbula izifungo azethembisa ngosuku lokugcotshwa kwakhe, angasakhumbuli, izeluleko zenceku kaNkulunkulu engumBhishobhi. Kunalokho asuke athumbe abantu ukuba bamlandele emaphutheni akhe. NjengoJoshuwa kuMose, kufanele kube njalo nakithi kumBhishobhi, ngoba azisuki kuye lezoyalo, asuke esiyala ngazo. Zisuka kuKristu iNkosi yethu sonke. Uqaphele ukukwenza konke akuyala ngakho uMose inceku yami. Ake senze nje ngoJoshuwa kulonyaka, baba, mama, mntanami, waqiniswa. Ufundisa kanjani ngenkambo yakho. INkosi ayikusize ezifungweni zakho, uthokoze, ngokuthi inawe nomaphi, nalapho uya khona. Amen.

Umkhuleko: *Nkosi, mawusisize ukuba sikhumbule izwi lakho, sizibophe ngalo, sihambe ngalo kulomnyaka omusha ngomusa wakho omkhulu. Amen*.

9. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...
10. Iculo 65/61

*Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.*

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1993/2005 ngu-A. N. Ntuli ( † ).

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa:
Lutheran Heritage Foundation.